

Amazwi Okuhlakanipha Emindenini



ISABATHA EMINI

Kuleliviki Funda:

Zaga. 5:3–14; Mat. 19:5; 1 Kor. 7:3, 4; Zaga. 13:22; 14:26; 17:22; 23:13; 31:10–31.

Indimana Yekhanda:

“Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyi yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda; Mazise yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho” (Izaga 3:5, 6, NKJV).

Noma ngabe yisiphi isigaba sempilo esikuso njengamanje, nembala, saqala ngomama nobaba, noma ngabe ubudlelwane babunjani, uma babukhona, esaba nabo kanye nabo sesizelwe. Ngakolunye uhlangothi, abanye abantu, ngaphandle kokuba nabanakwabo noma ezinye izihlobo, ababinawo umndeni ongowabo, ngaphandle kwalowo abakhulele kuwo.

Noma ngabe isimo sethu kuyisiphi, noma sikusiphi isigaba sempilo, incwadi yeZaga iqukethe inhlanguisela yezeluleko, izinkondlo, imibuzo, kanye nezinye izisho zenhlakanipho. Kukhulunywa ngokuqondile ngobudlelwane bemandeni, kanye namanye amazwi enhlakanipho angasetshenziswa ekhaya. Izaga, empeleni, zibekwa njengomqulu womndeni lapho izihluthulelo Zempilo engcwele zidluliselwa enganeni ngumzali. Njengomzali obhala incwadi yokweluleka kwindodana noma indodakazi eya ekolishi, bezozihlalela bodwa, noma ithole umsebenzi kude nasekhaya, kanjalo incwadi yeZaga ibhalwa ngubaba ebhalela indodana: “Ndodana yami, yizwa ukulaya kukayihlo, ungawushiya umthetho kanyoko” (Zaga. 1:8, NKJV). UDuteronomi wayaleza ukuba abazali babelane ngenkolo yabo nezizukulwane ezilandelayo. Yilokhu okwenziwa yiZaga. Ekuyalezeni kukababa, sizwa izwi likaBaba osezulwini lisibizela ekufundeni.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-May 4.*

Thanda Owesifazane Ofanele

Yenza uhla lwezinkinga nemiphumela ehambisana nezocansi ngaphambi komshado noma ukuba nomakhwapheni njengoba kuvezwe kwiZaga 5:3–14.

Umuntu ongcewele uyazilonda (uma engashadile) futhi agcine (uma eshadile) uthando lwakhe olujulile kanye nezocansi egcinela umshado. Kubhekiswa ngokuqondile kumadoda kwiZaga, kodwa umqondo ofanayo ohambisana nabesifazane wethulwa Kwizihlabelelo zikaSolomoni (qhathanisa IsiHlab. 4:12–15). Ukuheha okunamandla ngemiphumela eyesabekayo yalesisono. Ucansi lobudedengu alunakuzinikela futhi, ngalokho, lusilela kakhulu othandweni lweqiniso. Izinto, okwenyama, kanye nokwemizwa kuyaphela. Okusemqoka kakhulu, othile kumele aphenule kuNkulunkulu ngezinqumo azenzile empilweni. Ezocansi, esinye seziphu uNkulunkulu asinikeza isintu siyilungelo lomshado kuphela (Mat. 19:5; 1 Kor. 7:3, 4; Heb. 13:4). KwiZaga, isingathekiso samanzi amaningi, avuselelayo sisetshenziswa njengophawu oluthambile lwentokozo nokwaneliseka ababili abashadile okumele bakuthole othandweni lwabo ndawonye. Lokhu kuqhathaniswa nencithakalo ebangumphumela ngenkathi kukhona ukungethembeki. isisho “umfazi wobusha bakho” (Iza. 5:18, NKJV) sikhomba ukuthi, nakuba ababili beguga, ukuzinikela kwabo kumele kuqhubekwe. Umyeni usahehwa (“usadakwa” [Prov. 5:19, NIV]) wubuhle bomkake. Esimweni esiwileyo sesintu, imizwa yezocansi ingaheha abantu baqhele kwinhloso engcewele yezocansi. Nakuba Kunjalo, uNkulunkulu unikeze isintu amandla okuhlaziya nokukhetha. Lezizilingo, uma zingacindezelwa njalo, zingagubuzela. Ukuzinikela okuqinileyo enhlosweni engcewele yezocansi emshadweni kungavimbela ukuqubuka kobudlelwane obungasile kwezocansi. Isinqumo sokuthembeka impilo yonke enhlosweni kaNkulunkulu ngezocansi emshadweni asiphusile nje kuphela kepha sithwele imivuzo eminingi.

Uma wazi othile olwa nesilingo sezocansi esingabhubhisa umshado wakhe, seluleko sini obungamnikeza sona na?

Ubizo KoBaba

Qaphela izimpawu zesimilo sobaba esichazwe kwiZaga ezingaba nemiphumela emikhulu kubantwana:

IzA. 13:22; 27:23, 24

IzA. 14:26

IzA. 15:1, 18; 16:32

IzA. 15:27

IzA. 29:17

Izimilo zobaba zithinta ngokuqondile izingane zabo kanye nofuzo abaludlulisela kuzo. Izingane zibheka ukuphaswa koyise, uthando oluzinikele, ukwelulekwa, kanye nesibonelo. Izaga zincoma labo baba abathembekile ekuhlinzekeni futhi bengabaphathi abahlakaniphile bezinsiza Zomndeni. Ziningi izindlela lapho “abanomhobholo bebhuhisa imindeni yabo” (IzA. 15:27, NIV); obaba kumele bakhumbule ukubeka imindeni yabo phambili kunomsebenzi. Obaba abakholwayo bafuna ukubekezela futhi balawule imizwa yabo. Bahlonipha ukuzimelela kwabantwana babo kubo. Bayabahlwaya abantwana babo, kodwa beqikelela ukuba bangaphathi budedengu isikhundla segunya labo. Okusemqoka, obaba abazinikele bafuna ukulandela uNkulunkulu, ukulawulwa wuthando Lwakhe kanye nemfundiso yeZwiLakhe, ukuze bakwazi ukuhola ukuhamba kwezingane zabo endleleni elungileyo.

Ekugcineni, okuyinanto ebaluleke kunazozonke ubaba angayenzela izingane ngukuthanda umama wazo. Ukwethembeka kwakhe kanye nokuqhubeka nokumthanda, noma ukwesilela kwalezizinto, zibanomthelela obonakalayo ekukhuleni kwezingane nalapho sezikhulile. KwiZaga, ukwethembeka kuNkulunkulu, ukuzinikela emshadweni kanye nasemndenini, ubuqotho empilweni yomuntu nasemphakathini yizingongoma eziphambili. Ukuphumelela kukho konke kuncike esimweni senhliziyi yomuntu. Ukuheha kwesono—noma ngabe ngezocansi, ubuvila, ingcebo, noma amandla—kwandile, kodwa umyeni ohlakaniphileyo futhi engubaba ubheke kuNkulunkulu ukuba athole usizo lokwenza Izingqomo Ezilungileyo.

Ukulungisa NgoThando

Izaga zifundisani ngokubaluleka kokuhlwaya kanye nokulungisa ingane na? IZA. 10:17; 23:13, 14; 29:1; 29:15.

Ngezinye izikhathi abazali bayala izingane ukugcizelela kuzo ukuziphatha okwamukelekile emphakathini, ukujezisela ukungalaleli, noma ukuveza ukungenami laphe bephoxekile. Kodwa yini inhloso kaNkulunkulu mayelana nokuhlwaya lamalungu asemancane omndeni Wakhe na? Izaga zibeka ukuyala kwingqikithi yethemba ngekusasa (IZA. 19:18). Abazali abanobuNkulunkulu bayazi ukuthi izingane zinesimo sesono. Manye amandla angasiza kulokhu, futhi lamandla nguKristu (buka u-Ellen G. White, Education, p. 29). Inhloso yobuzali bobuKristu, ihambisana nokuyala, ngeyokuholela abantwana kuNkulunkulu.

Ukuphasa isitshalo esisesisha. NgoKristu ukuyala akubonakali njegokujezisa, noma ukuveza igunya, kodwa njengokulungisa okuhlengayo. Icebo likaNkulunkulu ngelokuthi abazali abanothando, bazi amandla esono, baholele ukuhamba kwezingane zabo kuKristu. Abazali abanakekelayo balungisa ngobumnene kanye nokuqina, bevimbela futhi beqondisa izingane eminyakeni yokuqala, njengoba nomlimi ephasa umuthi osanda kutshalwa, kuze kuvele ukuzithiba futhi nentsha ifinyelele ekumethembeni uNkulunkulu futhi ibambisane necebo lezulu losindiso, ukukhula, kanye nokuphusa.

Muyalezo muni wabazali otholakala kwiZaga 13:24; 23:13, 14 na?

Sekushiwo konke zibalwa izindimana ezikhuluma “ngoswazi” (Heb. shebet) kwingqikithi yokuyala abantwana. Okugqamile kwizibhalo zobuzali bobuKristu ngumqondo wokuthi umzali asebenzise uswazi njengoMalusi wasezulwini olusebenzisela ukuqondisa umhlambi Wakhe (Hub. 23:4). Kwenye indawo, Izibhalo zibhekisa ekufundiseni ngokubekezela, ukulungisa okuqhubekayo, ukuxhumana okuhle, kanye nobudlelwane obusondelene ekubeni yithonya lenguquko kubantwana (Dut. 11:18, 19). Umuzwa enganeni wokuthi iyathandwa ngabazali bayo usemqoka uma ukuyala kumele kube nemiphumela efunekayo yokulungisa kanye nokuhlenga (IZA. 13:24).

Ngenkathi ukuyala kuyigejile inhloso yako ngokuba nesihluku noma kungaqondakali, abazali bangasilungisa kanjani isimo nezingane zabo na?

Ngabe Impilo Ingcono Ophahleni Na?

Incwadi yeZaga ilifafaza kanjani ihlaya kwezinye izinto ezicasulayo emakhaya ethu na? IzA. 21:9, 19; 27:15, 16. Lelihlaya linamthelela muni na?

Izaga eziningi zibuka izindlela esiphathana ngayo ebudlelwaneni obusondelene. Zilenza iphuzu ngamahlanya amancane, njengalezo ezimayelana nomngani ongenazwelo “Ohlabelelela inhliziyi edabukileyo” (IzA. 25:20, NKJV) kanye nelungu lomndeni elivuka ekuseni kakhulu “libusise” abaleleyo “ngephimbi elikhulu” (IzA. 27:14, NKJV). Amakhozikazi afunda lezizindimana ngabesifazane abaqagulisanyo bangafuna ukuthayisela ezinye “Izaga” ngamadoda! Bangalwa ngokuthi lezizisho ziqhubeka lenkinga okukhulunywa ngayo kulezizaga ngokukhomba kuphela abesifazane ngenkathi abayeni, ababelana ngomthwalo womoya wasekhaya, ngokulinganayo bekwazi ukuziphatha ngokuqagulisana. (Cabanga ukuthi kwakunjani ukuphila ekhaya lika-Caiaphas nomau-Annas!)

Inhliziyi enamile iyasiza. Ukuba ngumuntu okwazi ukubona ihlaya ekuphileni kwasekhaya yinto enhle. Ukuhleka kuthambisa umshini wokuphila, kusize ekwehliseni ukuxakaniseka. “Inhliziyi eyenamileyo iyikhambi elihle, kepha umoya owaphukileyo uyomisa amathambo” (IzA. 17:22, NKJV). Izaga ziphuza ikhambi lazo kuyo yonke incwadi futhi zisinikeze imvume yokugigitheka ekuziphatheni okungasicasula. Mhlawumbe uma sesimamathekile (noma sahlakanipha lapho ihlaya lingathi), siba sethubeni elingcono lokukhuluma ngemikhuba noma ukuziphatha okusicasulayo. Kwesinye isandla, ukuhleka akumele kusetshenziselwe Ukwenza lula izinto okumele zinakwe.

Ukuba nomkhuhlane omncane kungaba wuphawu lokutheleleka okungapheli. Ukuxabana, ukucefezela, noma ukukhononda kungakhomba ukuthi kukhona intukuthelo ecindezelwe kmalungu omndeni, mhlawumbe okuhambisana nezinkinga ngokuxhumana ebudlelwaneni. Lowo okhonodayo uzama ukususa ukukhonya, ukulawula, kanye nokungazimiseli ukuxhumana komunye. Uma ukutheleleka kususiwe, izimpawu zizohamba. Emindenini, kunokuba sigweme izinkinga noma sigwemane, amalungu kumele akhele phezu kothando lwawo okuJehova Kanye nokuzinikela kwawo komunye nomunye ukukhuluma ngezidingo zabo kanye nemizwa yabo, ukufinyelela kwisisusa sentukuthelo yabo, basuse izinto.

Kungani ukuhleka kubalulekile ekhaya na? Kungasetshenziselwa kanjani ubuhle, futhi kungaba kanjani wububi na? Woza nempendulo yakho eklasini.

Unkosikazi Onothe Ngempela

Incwadi yeZaga ivala ngokuncoma unkosikazi onesimilo esincomekayo. Khomba izimpawu kanye nezakhi ezinconywayo. IZA. 31:10–31.

Owesifazane ochazwayo ukhethekile, kanjalo nobunkondlo. Indimana ngayinye kusukela kwiZaga 31:10 iqala ngolunye lwezinhlamvu ezingu-22 zesiHeberu. Othile uthola umuzwa kulokhu kutusa konkosikazi ofanelekile ukuthi zonke izinhlamvu azinikezi amazwi anele okumtusa ngokuphelele! Ukugcizelela kweZaga ukushada nomuntu olungileyo kubonakala kwisisho sorabi: “Ikhaya lendoda ngumkayo.” “Owesifazane okhuthelayo ungumqhele kuyo indoda yakhe, kepha ohlalisayo unjengokubola kwamathambo ayo” (IzA. 12:4, NIV). Lapha, ekugcinenikweZaga, ngokuveza okumele kubeyiko, ngamakhono ahlu kahlu kene amaningi: Ukwenza izingubo, ukuthenga imihlaba, ezokulima, ukulonda ikhaya kanye nezimali. Kusenjalo, unakekela umndeni wakhe. Bayamthanda futhi bayamtusa.

Lamathalente abanzi akumele alindeleke kubona bonke abesifazane, futhi awasona isichazi okumele amadoda akale ngaso amakhosikazi awo. Kunalokho, ngokuchaza lamakhono kanye nezimpawu, Izaga zidlulisa okuyikona okusemqoka futhi nokufanele kwabesifazane jikelele, kanye nakumadoda: izimpawu zokwethembeka, zozwelo, zokwethenjwa, ukukholeka, ubumnene, kanye nokusebenza. Imfihloyalempilo, ngokweZaga 31:30, ngukuthi “uyamesaba uJehova” (NKJV).

KwiZaga 31:10 igama “lobuhle” (NIV), lichaza “amandla,” “ukukhonya,” noma “ingcebo.” Lihumushwe njengo “mcebo” kumaHubo 62:10 futhi lichaza “amaqhawe” kaJoshuwa (Josh. 1:14). UBhowazi uncoma u-Ruth ngegama elithi “muhle” (Ruth 3:11). KwiZaga 31:10 kukhona Ukudlala kumqondo “wengcebo.” Ingebo yeqiniso ilele esimilweni, ebuqothweni, kanye nasekumesabeni uJehova. Lokhu kwedlula kakhulu inani lamatshe ayigugu.

Yibaphi abanye besifazane abangamaqhawe nobuhle ababenethonya empilweni yakho na? Ungalukhulisa kanjani uhla lwezimpawu zesimilo, ubuhle, kanye namakhono abesifazane abanobunkulunkulu na?

Umcabango Obanzi:

Ukugcina inhliziyi ezulwini. “AmaKristu kumele aqikelele ukuba agcine inhliziyi ngakho konke ukukhuthala. Kumele akhulise uthando lokuzindla, futhi athande umoya wokukhuleka. Iningi libukeka lingazenameli izikhathi ezichithwa ekuzindleni, kanye nasekuhloleni Izibhalo, kanye nokukhuleka, sengathi isikhathi esichithwa ngalendlela silahliwe. Ngiyafisa ukuthi nonke beningazibuka lezizinto ngendlela uNkulunkulu afuna nizibuke ngayo; ngoba benizobeka phambili umbuso wezulu. Ukugcina inhliziyi yenu ezulwini, kuzoninikeza amandla kukho konke okwenu, futhi kufake impilo kuyo yonke imisebenzi yenu. Ukulawula ingqondo ukuba igxile ezintweni zasezulwini, kuzofaka impilo kanye nokuzimisela kuyo yonke imizamo yethu. . . . Sibafushane ekufinyeleleni kwezikamoya. . . .[Efes. 4:13.]” — Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*, vol. 3, p. 1157.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. AmaKristu amaningi athola ukuthi iqembu eliphasanayo liwusizo lapho befuna “ukulondoloza izinhliziyi zabo” ekulingweni. Lokhu kungawusiza kanjani umkhuleko, ukufunda iBhayibheli, kanye nokuncika kuMoya oNgcwele na? Kwezinye izigaba, kungani kungaba yisu elihle ukufuna usizo lochwepheshe uma othile enenkinga kakhulu ngezilingo ezibaholela esonweni, futhi bebukeka bengakwazi ukuyeka na?
2. Njengeklasi, fundani izimpendulo zenu zangoLwesithathu zombuzo wokugcina. Xoxani ngemitholela yezimpendulo zenu. Njengazo zonke izinto ezimangalisayo uNkulunkulu asinikeze zona, ukuhleka kungaphendukezelwa kanjani kube yinto eyingozi na?
3. Ngokuphikisanane Zaga 31, Yiziphi izimpawu impucuko yamanje enomkhuba wokuzincoma kubantu besifazane na? Singazivikela kanjani ngamunye ekuthatheni iqhaza kulomoya owehlisa isithunzi na?
4. Ngokuvamile, Yiziphi izinto ngokosiko mayelana nempilo yomndeni emphakathini wakho eziphikisana nezimiso zeBhayibheli na? Ngakolunye uhlangothi, ngabe zikhona izinto emasikweni ezihambisana nezimiso zeBhayibheli na? Uma Kunjalo, Yiziphi, futhi zingasetshenziswa kanjani ukuqinisa imindeni yethu na?